



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LOKUQALA (P1)**

**FEBRUWARI/MASHI 2014**

**IMEMORANDAMU**

**AMAMAKI: 80**

**Le memorandamu inamakhasi ayisi-7.**

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

### UMBUZO 1

- 1.1      1.1.1     Ukuthumela isigijimi. (1)
- 1.1.2     Okubili kwalokhu:
  - Ithelegramu.
  - Ifeksi/isikhahlamezi.
  - Ucingo lwasendlini.
  - Umakhalekhukhwini.
  - Ikhompyutha.(2)
- 1.1.3     Okukodwa kwalokhu:
  - Uphatheka kalula.
  - Izigebengu azikwazi ukunqamula izintambo ukuze kuphazamiseke ukuxhumana.  
(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi)(1)
- 1.1.4     Iselula. (1)
- 1.1.5     Kuyabiza/kuyadula/kumba eqolo. (1)
- 1.1.6     Kuyayehlisa intengo yokushaya ucingo. (1)
- 1.1.7     Ukubhalisa ikhadi lakho likamakhalekhukhwini/inombolo yakho kamakhalekhukhwini ngokusemthethweni/ukubanika yonke imininingwane yakho uma uthenga ikhadi likamakhalekhukhwini.  
(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (2)
- 1.1.8     lyashesha/umlayezo ufika ngeleso sikhathi othunyelwe ngaso/ishibhile. (1)
- 1.1.9     (a) Ngokushesha. (2)
- (b) Ukubiza kakhulu/lbiza imali eningi/ukudula. (2)
- 1.1.10    Abanemyaka engaphansi kweyi-18 ngoba ngokocwaningo kuthiwa imisebe yawo ingathikameza ukusebenza kwengqondo. (2)
- 1.1.11    Umakhalekhukhwini - ingoba ungakwazi ukuxhumana nabanye abantu noma ngabe ukuphi.  
Izimpendulo ziyokwehluka. (umfundi kufanele asekele) (2)
- 1.1.12    Iqiniso. Ukuze ube nenombolo kamakhalekhukhwini kumele ubhalise ngokusemthethweni. (2)

- |     |       |  |     |
|-----|-------|--|-----|
| 1.2 | 1.2.1 | Onebhadi.  | (1) |
|     | 1.2.2 | Ukuguga ugugiswa ukuphuza kakhulu utshwala.<br>(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi)  | (2) |
|     | 1.2.3 | Inhlanhla yami yeza.   | (1) |
|     | 1.2.4 | Ukuphuza utshwala kakhulu/Ukudakwa.  | (2) |
|     | 1.2.5 | Ngigqokile/Nginenhlanhla.  | (2) |
|     | 1.2.6 | Okukodwa kwalokhu:<br><ul style="list-style-type: none"><li>• Abantu ababonayo</li><li>• Abozalo lwakhe</li></ul> <p>(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.)</p> | (2) |

**AMAMAKI ESIQEPU A:** **30**

**ISIQEPHU B: UKUFINGQA****UMBUZO 2****Amaphuzu angabhekwa:**

<b>Okucashuniwe</b>		<b>Amagama angabhalwa umfundsi</b>
1. <i>Inhloniphо ingachazwa njengokunika omunye umuntu indawo wazise ilungelo lakhe, akukhathalekile ukuthi mdala noma mncane.</i>	1.	Inhloniphо ukukhulumа noma ukwenza kumuntu lokho ongafisa nawe kwenziwe kuwena.
2. <i>Hlonipha uyihlo nonyoko ukuze izinsuku zakho zande ezweni.</i>	2.	Hlonipha umuntu omdala.
3. <i>Abazali kunendima okumele bayidlale ekukhuliseni abantwana babo ngendlela efanele.</i>	3.	Kungumsebenzi walowo nalowo mzali ukuthi afundise ingane yakhe inhloniphо isencane.
4. <i>Umuntu uhlangabezana nobunzima obukhulu esemdala uma engafundiswanga ekhaya inhloniphо.</i>	4.	Umuntu ongakhuliswanga ngenhloniphо ukuthola kunzima ukuphilisana nabanye abantu uma esemdala.
5. <i>Ziningi izingane ezilinyalelwе ikusasa lazo ngenxa yabazali abangazifundisanga inhloniphо.</i>	5.	Ziningi izingane ezigcina zilahlekelwa amathuba empilweni ngoba zingazange zifundiswe ukuthi emhlabeni kuyahlonishwa.
6. <i>Uma umntwana ese hlupha lapho esekhulile abanye abazali baze bazisole ngokuzala izingane zabo, umuzwe umzali esethi, 'angizalanga ngabola amathumbu.'</i>	6.	Ezinye izingane azibahloniphо abazali baze bagcine sebezisola ukuthi bazizalelani.
7. <i>Izingane zibukela kubazali bazo indlela eya phambili yingakho kubalulekile ukuthi nabo bazi hloniphе baphinde bahloniphе nezingane zabo.</i>	7.	Kubalulekile ukuthi abazali babe isiboneло esihle ezinganeni zabo ukuze nazо zihambe ngendlela efanele.

### **Ukufingqa kumele kumakwe ngale ndlela:**

#### **Ukwabiwa Kwamamaki:**

- Amamaki ayi-7 ngamaphuzu ayi-7 (Iphuzu lilinye labelwa imaki eliodwa).
- Amamaki ama-3 abelwa ukusetshenziswa kahle koLimi.
- Isamba samamaki-10

#### **Ukwabiwa Kwamamaki Okusetshenziswa Kulimi Uma Umfundi Esebenzise Awakhe Amagama:**

- Iphuzu eli-1 kuya kwama-3: Uklonyeliswa ngemaki eli-1.
- Amaphuzu ama-4 kuya kwama-5: Uklonyeliswa ngamamaki ama-2
- Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Uklonyeliswa ngamamaki ama-3.

#### **QAPHELA:**

- **Isakhiwo:**

Noma ngabe isakhiwo sendaba sibhalwe ngendlela efanele, kumele sifundisiswe bese simakwa ngendlela efanele.

#### **Ukubalwa Kwamagama:**

- Abamakayo kulindeleke ukuthi babale inani lamagama asetshenzisiwe.
- Awekho amamaki asuswayo uma umfundi engalibhalanga inani lamagama asetshenzisiwe noma elibhalile kodwa kungesilona.
- Uma inani lamagama asetshenzisiwe leqiwe, omakayo kumele afunde amagama amahlanu ngaphezu kwasibalo esinqunyiwe angabe esakunaka okunye okuza emva kwalokho. Indaba efingqwe ngamagama angaphansi kwenani elibekelwe ibe inawo wonke amaphuzu abalulekile ayiphucwa amamaki.

**AMAMAKI ESIQEPU B:** 10

## ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

### UMBUZO 3

- 3.1 Ukuheha abathengi. (1)
- 3.2 Uma ingane isiwudle kakhulu lo swidi iyazela ekilasini mhla ingawudlanga. (2)
- 3.3 Okukodwa kwalokhu:
- Ukudla okuphathwa izingane esikoleni.
  - Okuphathwa umuntu uma ethatha uhambo/eya emsebenzini kuze angakhiphi imali athenge uma eselambile.
- 3.4 Ngoba abantu bayathanda ukwenza izinto ezenziwa abantu abaningi/ezithathwa njengezisesitayeleni. (2)
- 3.5 Okukodwa kwalokhu:
- Ngoba abantu bayathanda ukubukela nokwenza izinto ezenziwa ngosaziwayo.
  - Abakhangisi basebenzisa osaziwayo ngoba banabalandeli abaningi.
- 3.6 Okukodwa kwalokhu:
- Osaziwayo sebeguqukele kulolu hlobo luka swidi.
  - Lwenza ingane yakho ihlakaniphe.
  - Isheshe isuthe ingalokhu ifuna ukudla kakhulu.
  - Ihlale inomdlandla ilanga lonke.
  - ibukeke kahle nasebusweni ingabi nesidina.
- (2)  
[10]

### UMBUZO 4

- 4.1 Nkk. (1)
- 4.2 Lo akhuluma naye umshana wesi-5/  
U-Ankeli unabashana abaningi bamumake yonke indawo. (1)
- 4.3 Abashana **bangibheke/bangigade/bangiqaphe** yonke indawo,  
emgwaqweni, ekhishini, **ethoyilethi/endlini encane/endlini yangasese**  
ngisho ngilele. (2)
- 4.4 Uzobanjwa esathi uzoqamba amanga. (2)
- 4.5 4.5.1 Abashana bacabanga ukuthi **ogogo** amakhosikazi kamalume. (1)
- 4.5.2 Ngizwe kuthiwa umalume **unamakhosikazi**. (1)
- 4.6 Izimpendulo ziyokwehluka:  
Gogo nasi isihlalo, hlala phansi uphumule. (2)  
[10]

## UMBUZO 5

- 5.1      5.1.1     (a) Akayithathi iluhlaza injalo. (1)  
              (b) Ukhombisa ukukhula komqondo. (1)
- 5.1.2     Izimpendulo ziyokwehluka:  
              Abafundi abethembela **ezincwadini** kuphela abalutholi ulwazi olwanele. (2)
- 5.1.3     **Abantu abafundayo bavakashela amazwe.** (2)
- 5.1.4     Abafundi **bafunda** izincwadi **eziningi** ukuze bathole ulwazi **olusezingeni** okukhombisa **ukukhula** komqondo. (4)
- 5.1.5     Amabhuku afundwa abafundi/ngabafundi. (2)
- 5.1.6     Amaphuzu akhe akawahlaziyi ngokujula/amaphuzu akhe uwahlaziya ngokungajuli/ngokungajulile (2)
- 5.2      5.2.1     Angifune Mlungu la kwaMda! (2)  
              5.2.2     Amakhosikazi abeLungu afaka amabhulukwe. (1)  
              5.2.3     Wokudinwa/Wokucasuka/Intukuthelo. (1)  
              5.2.4     Yingoba abelungu yibona abathanda ukugqoka amabhulukwe. (2)
- [20]

**AMAMAKI ESIQEPU C:** 40  
**AMAMAKI ESEWONKE:** 80